INOVENA KAJOSEFA OCWEBILEYO

10 - 18 MARCH 2021

USUKU LWESIKHOMBISA: 16 March 2021

Josefa Ocwebilyo, Mmeli wezisebenzi

Josefa Ocwebileyo, mmeli wabo bonke abasebenzayo, siyabonga ngethuba lokwakha umbuso kaNkulunkulu ngemisebenzi yezandla zakho. Sisize ngisebenze ngenhliziyo emhlophe nokwenza konke ngomoya wokubonga nenjabulo, sikhumbula izipho esizithola kuNkulunkulu. Sivumele ukusebenza ngokuthula, ukubekezela kanye nokuzithiba.

Empilweni yakho wasebenza ngokuzithoba ngokuzinikela okwakwenza udlulisele ulwazi lwakho kuJesu owayebekwe kuwe. Siyakucela usizuzele amagrayisa okuhlonipha isithunzi somsebenzi. Sifundise ukusebenzela uNkulunkulu ngomoya yokuzithoba nokuthandaza, njengoba wenzanjalo. Sikhulekela futhi labo abasebenza ngaphandle nalabo ababanjwe igciwane leKorona engumbulalazwe nalabo abazamayo manje ukulekelela imindeni yabo. Siyakuhlonipha njengomlondolozi wabasebenzi futhi sicela usinxusele labo abasebenza ngokuzinikela ukuthi bathole amathuba okukwazi ukuzisiza ngezimali nemindeni yabo,

Josefa Ocwebileyo othandekayo, mlandeli othembekile kaJesu Kristo, Ngiphakamisa inhliziyo yami ukuncenga ukunxuselwa okukhulu nguwe ukuzuza eNhliziyweni enobuNkulunkulu kaJesu wonke amagrasiya engiyadingayo ngokomphefumulo nenhlalakahle, ikakhulukazi igrasiya lokufa okuhle negrasiya elibalulekile engilicela manje……

Mlondolozi weLizwi elaba umuntu, nginethemba lokuthi imikhuleko yakho, esikhundleni sami, izozwakala kahle phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu. Amen.

UMKHULEKO WONYAKA KAJOSEFA OCWEBILEYO

Sibalekela kuwe Josefa Ocwebileyo sisosizini. Sithi sesicelile kumakoti wakho ocwebe cwe ukuba asisize, siyakuncenga nawe ngethemba elikhulu ukuba usilondoloze.

Siyakuncengisisa ngenxa yothando olwakunamathelisa kuMzali kaNkulunkulu, iVirigo elingenasici, nangenxa yothando lwakho olunjengolukayise, owayithanda ngalo ingane uJesu, sicela ukuba ubheke ngomusa ifa elililigugu, uJesu alizuza ngeGazi lakhe, uze uselekelele ngokusiza kwakho okunamandla thina abasosizini.

Wena Mlondolozi onakekelayo wabendlu eyingcwele, awulondoloze abantwana abakhethiweyo bakaJesu Kristo. Baba onesihe kakhulu, akusilondoloze singaze sathelwa ngesifo esithathelwanayo, esiyimfundiso yamanga nokwonakala. Wena Msizi wethu onamandla kakhulu, ake uthi usezulwini, usisize ekulweni kwethu namandla obumnyama.

Njengalokhu wake wophula uJesu eseyingane engozini enkulu yokubulawa, kanjalo-ke manje vikela iBandla eliyingcwele likaNkulunkulu, ulophule emacetsheni onke ezitha zalo nasekuhluphekeni konke. Uze usilondoloze nathi sonke ngaso sonke isikhathi, yikhona sothi sibonela kuwe, sisizwa uwe futhi, sihambe ngokulunga, size sife silungile, sifumane ezulwini ukuthokoza kwaphakade. Amen.

Ngesibomu sikaPhapha uFrancis

Baba wethu,……
Yethi Maria,……
Udumo alube……
Josefa Ocwebileyo,
Mmeli weBandla
elingcwele,
sikhulekele